



Edition 81
IsiZulu, English

It starts with a story...

Celebrating picture books!

November is International Picture Book Month – a time to celebrate those special books that capture our imagination with their carefully chosen words and beautiful illustrations. Picture books introduce our children to the world of literature. They also play a critical part in their development.

Picture books are meant to be read aloud so this makes them the perfect reading resource for sharing stories with children. As we read aloud, we are also able to have conversations with our children about what we are reading, and we can invite them to comment on the story and ask questions about it. These conversations deepen children's understanding of the story. They also help children to learn about the way in which stories and books work.

Picture books offer children a language feast! Through the rhythm and rhyme in many of these books, children experience the sounds of our languages. The repetition in them (for example, "I'll huff and I'll puff and I'll blow your house down!"), allows children to join in by saying some of the words of the story, even before they are able to read. And, because picture books use fewer words than novels, the words that are chosen and how they are used, is very important. So, the rich use of language in these books develops and extends children's own use of spoken and written language.

And then there are the illustrations! Through the partnership between the words on the page and the pictures, children make meaning from what is being read to them and learn to enjoy stories. But they also learn to "read" pictures. They develop the skill of interpreting visual images, and you only have to think

about the number of advertisements you see every day to understand what an important life skill that is!

And finally there is that essential human quality of empathy. Picture books enable young children to join someone else's world just for a moment. They help children to begin learning how to step into someone else's shoes and to see life from a different perspective. Developing the ability to do this takes lots of practice, and picture books provide a safe place to start the process.

So, picture books may be entertaining and magical, but actually they're essential!

Need help with choosing picture books for your children? Visit our "Recommended reads" section on www.nalibali.org.

Ukugubha izincwadi zezithombe!

ULwezi yiNyanga Yezincwadi Zezithombe Yomhlaba Wonke – isikhathi sokugubhela lezo zincwadi ezikhethekile ezisihlaba umxhwele ngamagama azo akhethwe ngokucophelela kanye nemidwebo emihle. Izincwadi zezithombe zingenisa izingane zethu ezweni lezincwadi. Zineqhaza elibalulekile ekuthuthukeni kwezingane.

Izincwadi zezithombe kumele zifundwe kakhulu kuzwakale ngakho lokhu kuzenza zibe umthombo wokufunda omuhle wokwabelana nezingane ngezindaba. Ngesikhathi sifunda kakhulu, siyakwazi futhi nokuxoxa nezingane zethu ngalokho esikufundayo, futhi siyakwazi ukuzimema ukuthi ziphawule ngendaba nokuthi zibuze imibuzo mayelana nayo. Lokhu kuxoxa kujulisa ukuqonda indaba kwezingane. Kubuye kusize izingane ukuthi zifunde ngendlela okusebenza ngayo indaba kanye nezincwadi.

Izincwadi zezithombe zihlinzeka izingane ngedili lolimi! Ngesigqi kanye nemvumelwano okutholakala kweziningi zalezi zincwadi, izingane ziyizwa kahle imisindo yezilimi zethu. Ukuphindwa kokuthile kuzo (isibonelo, "Ehla amathambo ebheke ezansi, enyuka amathambo ebheke phezulu!"), kuvumela izingane ukuthi zihlanganyele ngokusho amanye amagama asendabeni, zingakakwazi nokufunda. Kuthi-ke ngoba izincwadi zezithombe zisebenzisa amagama ambalwa kunamanoveli, amagama akhethiwe khona kanye nendlela asetshenziswa ngayo, kubaluleke kakhulu. Ngakho-ke ukunotha kolimi olusetshenziswe kulezi zincwadi kuthuthukisa bese kunweba ukusebenzisa kwezingane ulimi olukhulunywayo nolubhaliwe.

Bese kuba khona imidwebo! Ngokubona ukusebenza ngokuhlanganyela kwamagama asekhadini kanye nezithombe, izingane zithola umqondo walokho ezikufundelwayo bese zifunda ukuthokozela izindaba. Kanti zifunda "nokufunda" izithombe. Lezi zincwadi zithuthukisa amakhono okuhumusha izithombe

ezibonakalayo, kanti nawe kumele kewucabange nje ngezikhangisi ozibona nsuku zonke ukuze uqonde ukuthi leli yikhono lempilo elibaluleke kangakanani!

Ekugcineni kukhona kukhona lelo khono lempilo elibaluleke kakhulu lokuzwa okuzwiwa ngomunye. Izincwadi zezithombe zisiza izingane ezincane ukuthi kezibe semhlabeni womunye umuntu nje okwesikhashana. Zisiza izingane ukuthi ziqale ukufunda ukuthi zingena kanjani ezicathulweni zomunye umuntu kanye nokubona impilo ngendlela eyehlukile. Ukuthuthukisa ukwazi ukwenza lokhu kuthatha isikhathi esiningi sokuzilungiselela, kanti izincwadi zezithombe zihlinzeka ngendawo ephaphile yokuqala lo mshikashika.

Ngakho-ke, izincwadi zezithombe zingathokozisa futhi zibe nomlingo othile, kodwa empeleni zibalulekile!

Ngabe udinga usizo lokukhetha izincwadi zezithombe zezingane zakho? Vakashela isigaba sethu esithi "Recommended reads" ku-www.nalibali.org.



INSIDE
Win a R100 gift card from Jet Club!
NGAPHAKATHI
Wina ikhadi lesipho lakwa-Jet Club elibiza i-R100!

Jet Club



Drive your
imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.

Nalibali
It starts with a story...




Drive your imagination

Story Power.



Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.




It starts with a story...

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Ngokushesha isikhwama sokuthenga sikaMama Jumbo sabe sesisinda ngenxa yezithelo nemifino. "Konje yini okunye engikudingayo?" kucabanga uMama Jumbo. "Hawu! Isibuko!"



Soon Mama Jumbo's shopping bag was heavy with fruit and vegetables. "What else do I need?" thought Mama Jumbo. "Ahi A mirror!"

Fold

"Squeeze me once, squeeze me twice. Just one more squeeze and I'll double the price!" joked Louie-Louie. "Ngikhame kanye, ngikhame kabili! Uphinde ungikhame kanye nje futhi, nami ngizoyiphinda kabili intengo!" kuncokelela Louie-Louie.



PAN MACMILLAN

This is an excerpt from the book *Next Stop – Zanzibar Road!* by Niki Daly, published by Giraffe Books, which is an imprint of Pan Macmillan South Africa. This follows on from the first book *Zanzibar Road*, and is also available in bookstores and from online retailers.

The quirky and much-loved gang from *Zanzibar Road* is back for another fun-filled adventure with Mama Jumbo, Little Chico and a host of colourful and entertaining characters that will delight children and adults alike.


Let the adventures continue in *Zanzibar Road!*

Niki Daly's high regard for children is always beautifully expressed through the books he creates for them. He has won numerous awards at home and abroad for his lyrical writing and gently humorous illustrations.

This story is also available in the following languages: isiZulu, isiXhosa, siSwati, isiNdebele, Sesotho, Sesotho sa Leboa, Lesotho Sesotho, Setswana, tshiVenda, xiTsonga and Portuguese. To find out more about Pan Macmillan and its imprints and titles, go to www.panmacmillan.co.za.

©Giraffe Books/Pan Macmillan South Africa (African Rights) Tel: (011) 731 3440

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold





Kepha kwathi lapho uMama Jumbo ebheka esikhwameni sakhe semali, kwabe sekunemali eyanele ukugibela itekisi abuyele ekhaya kuphela ... kanye noshingamu ohlafunwe uhlati we-Bum-Bum Buble gum.

But when Mama Jumbo looked in her purse, there was only enough money for her taxi fare home ... and a piece of half-chewed Bum-Bum Buble gum.



Kwela was selling mirrors and other pretty things. Ukhwela wayethengisa izibuko kanye nezinye izinto ezinhle.

Mama Jumbo goes to the market
Umama Jumbo uya emakethe

“Yebo! That’s a nice swap!” said Mama Jumbo, waving her trunk from side to side. What a lucky day at the market!

“Yebo! Sishintshiselane kahle!” kusho uMama Jumbo, eyaluzisa umboko wakhe ewusa le nale. Ngaze ngaba nenhlanhla namhlanje emakethe!



Mr Motiki’s taxi thumped and bumped down the dusty road.

Kwaba ubukhahlakhahla etekisini likaMnumzane Motiki lehla njalo ngomgwaqo owubhuqu.





Ngokudabuka, uMama Jumbo wahlala emthunzini wesihlahla sikapopo. *Gididi!* Opopo ababili abakhulukazi bawela emathangeni akhe. "Kube yinhlanhla ukuthi bangaweli 'esigqokweni sami, esiludaludana, esiphhezelayo, esishoniswa ngapha nangapha," kucabanga uMama Jumbo.

Sadly, Mama Jumbo sat in the shade of a paw-paw tree. *Gadomp!* Two giant paw-paws landed in her lap. "How lucky that they did not land on my 'Flippy-floppy, flappy-slippy, this-way-that-way pom-pom hat," thought Mama Jumbo.

Mama Jambo wanted the mirror, but Kwela wanted those beads so-so much! Mama Jumbo started to bargain. "These are very special beads," she said. So Kwela offered a mirror and a piece of African print cloth.

Umama Jumbo wayesifuna isibuko, kodwa uKhwela wayebufuna ngempela lobuya ubuhlalu! UMama Jumbo wabe eseqala ebeka izifiso zakhe ngokuncoma okwakhe. Wabe esethi, "Lobu buhlalu ngobekhethelo ngempela phela."

Ngakho uKhwela wabe esemnika isibuko kanye nendwangu enhle yase-Afrika eyiphilinti.



It tooted, hopped and skidded to a stop to pick up passengers along the way.

Lalihambe lipupuza, lishela lize limele ukucosha abagibeli abasendleleni.



The market was busy, busy! But that was fine, because Mama Jumbo really LOVED a loud, busy market. Kwakuphithizela kakhulu emakethe! Kodwa lokho kwakungasho lutho, ngoba uMama Jumbo WAVEYITHANDA imakethe ephithizelayo futhi enomsindo.

By the time Mama Jumbo piled out, her hat was sitting on the tip of her trunk.

“Eish! A mirror would be such a help,” sighed Mama Jumbo.



Ngenkathi uMama Jumbo esephumela ngaphandle, isigqoko sakhe sasihleli ekugcineni komboko wakhe.

“Hhayi! Isibuko singaba usizo olukhulu,” kuphefumula uMama Jumbo.

Fold

“Ngizokunika ubuhlalu bami ngopopo bakho,” kusho yena. wobuhlalu bokhuni. Omdala ezihambela nje, ephethe ubhasikidi! kusenjalo, kwaphamuka uGogo Mfene



Soon, Old Granny Baboon walked by, carrying a basket of wooden beads. “I’ll give you my beads for your paw-paws,” she said.

“Okay,” said Mama Jumbo. “But I only have two paw-paws, and you have lots and lots of beads.”

“I know,” said Old Granny Baboon. “But my family is hungry, and we can’t eat beads.” So Mama Jumbo and Old Granny Baboon swapped.

Next, Kwela walked by with all her pretty things. When she saw Mama Jumbo’s bowl of beads, she said, “I’ve been looking for beads like those for a long time.”

“What will you give me for them?” asked Mama Jumbo.

“How about a mirror?” suggested Kwela.

“Kulungile,” kusho uMama Jumbo. “Kodwa mina nginopopo ababili nje, kepha wena unobuhlalu obuningi.”

“Ngiyazi,” kusho uGogo Mfene Omdala. “Kodwa-ke umndeni wami ulambile, angeke sabudla ubuhlalu.” Ngakho-ke uMama Jumbo noGogo Mfene Omdala bashintshana.

Khona manjalo, kwedlula uKhwela ephethe zonke izinto zakhe ezinhle. Kwathi lapho ebona isitsha sikaMama Jumbo esigcwele ubuhlalu, wathi, “Kade ngibufuna ubuhlalu obunjengalobo.”

“Unganginikani uma ngingakunika bona?” kubuza uMama Jumbo.

“Kunganjani ngikunike isibuko?” kuphakamisa uKhwela.

Fold



The Na'ibali bookshelf



Have you ever read any books by South Africa's famous author and illustrator of children's books, Niki Daly? (He is the author of the cut-out-and-keep book on pages 3 to 6!) He was born in Cape Town and lived there for most of his life before moving to Kleinmond more recently. Although he writes in English, Niki Daly's books have been translated into many different languages and are enjoyed by children all over the world.

5 facts about Niki Daly

1. Every time he has an idea for a story, Niki Daly writes it down in a notebook he calls his "Book of Ideas".
2. He won an international award for the very first book he had published – and he has been winning awards ever since!
3. He has been writing and illustrating children's books for 36 years!
4. The part Niki Daly enjoys most about working on picture books is creating new story characters.
5. One of his favourite picture book author-illustrators is Maurice Sendak, who wrote and illustrated *Where the Wild Things Are*.

Some books by Niki Daly

Lots of Niki Daly's books are available in a number of South African languages. Most libraries and bookshops have his books available. Here are some of his books.

Creepy Street

The Herd Boy / UMalusi

Mama, Papa and Baby Joe

No more kisses for Bernard!

Not so fast, Songololo!

Pretty Salma / USalma Omuhle

Where's Jamela? / uJamela ukuphi?

Ruby sings the blues

Zanzibar Road / Umgwaqo uZanzibar



Ishalofu lezincwadi lakwaNa'ibali

Ngabe sewake wayifunda noma iyiphi nje incwadi kwezombhali nomdwebi wezincwadi zezingane waseNingizimu Afrika, uNiki Daly? (Ungumbhali wencwadi oyisika uyikhiphe bese uyigcina esekhasini lesi-3 ukuya kwelesi-6!) Wazalelwa edolobheni iKapa, futhi uhlale khona isikhathi esiningi empilweni yakhe ngaphambi kokuba ayohlaba eKleinmond kamuva nje. Noma yena ebhala ngesiNgisi, izincwadi zakhe uNiki Daly sezihunyushelwe ezilimini eziningi, futhi zithokozelwa yizingane emhlabeni wonke.

Oku-5 okungamaqiniso ngoNiki Daly

1. Njalo uma kukhona umqondo awutholayo wendaba, uNiki Daly uwubhala phansi encwadini yakhe yokubhala amanothi ayibiza ngokuthi "Incwadi Yemiqondo".
2. Wathola umklomelo wamazwe omhlaba jikelele ngencwadi yakhe yokuqala ngqa ayeyishicilele – kanti usalokhu ewina imiklomelo kusukela ngaleso sikhathi!
3. Usebhale futhi wadweba izithombe zezincwadi zezingane iminyaka engama-36!
4. Ingxenywe uNiki Daly ayithanda kakhulu ngokwenza izincwadini ezinezithombe ukwakha abalingiswa bendaba abasha.
5. Omunye wababhali kanye nabadwebi bezincwadi zezithombe amthandayo uMaurice Sendak, owabhala wenza nemidwebo yencwadi ethi *Where the Wild Things Are*.

Ezinye zezincwadi zikaNiki Daly

Iningi lezincwadi zikaNiki Daly zitholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziningi. Imitapo yezincwadi kanye nezitolo zezincwadi eziningi zinazo izincwadi zakhe. Uhlu lwezinye zezincwadi zakhe lutholakala ngezansi ngombala oluhlaza okwesibhakabhaka.

Know your Na'ibali characters

In South Africa, many homes are bilingual or multilingual. This is a wonderful resource for children! Find out about the languages that the Na'ibali character, Hope, speaks and reads and then enter the competition to win a gift card from Jet!

Hope is 10 years old and lives with her mom and dad. She enjoys reading novels about the daily lives of children her own age, as well as information books about wild animals or karate. Hope reads mainly in English, but she can also speak and read a bit in Afrikaans and Zulu because she's been learning these languages at school.



Yazi abalingiswa bakho bakwaNa'ibali

Emakhaya amaningi aseNingizimu Afrika kukhulunywa izilimi ezimbili noma eziningana. Lona umthombo omuhle wokusiza izingane! Thola kabanzi ngezilimi umlingiswa wakwaNa'ibali, uHope, azikhulumayo nazifundayo bese ungenela umncintiswano ukuze uwine ikhadi lesipho lakwa-Jet!

UHope uneminyaka eyi-10 kanti uhlala nomama nobaba wakhe. Uthokozela ukufunda amanoveli akhuluma ngezimpilo zansuku zonke zezingane ezingangaye, kanye nezincwadi ezinika ulwazi ngezilwane zasendle noma umkhalambazo. UHope ufunda kakhulu ngesiNgisi, kodwa futhi ukhuluma aphinde akwazi nokufunda kancane ngesiBhunu nesiZulu ngoba ubezifunda lezi zilimi esikoleni.

Win! Wina!

To stand a chance of winning one of four Jet Gift Cards worth R100 each, send us the word "Hope" and tell us if it is good for children to learn more than one language. Email your answer to letters@nalibali.org, or SMS it to 32545 (standard data rates apply). Competition closes on 27 November 2014.

Ukuze ube sethubeni lokuwina elinye lamaKhadi Ezipho akwa-Jet amane abiza i-R100 lilinye, sithumelele igama elithi "Hope" bese usitshela ukuthi ngabe kuhle yini ukuthi izingane zifunde ulimi olungaphezu kolulodwa. Thumela impendulo yakho nge-imeyli ku-letters@nalibali.org noma uyithumele nge-SMS ku-32545 (kusebenza imali enqunyiwe yokukhokhela i-data ejwayelekile). Umncintiswano uvala mhla zingama-27 kulwezi wezi-2014.

Terms and conditions: To enter, you must be 16 years or older. Employees of PRAESA are not eligible to enter. **Imigomo nemibandela:** Ukuze ungenele, kumele ube neminyaka eyi-16 noma ngaphezulu. Abasebenzi bakwaPRAESA abavumelekile ukungenela

Clue: Visit our "Reading & storytelling tips" section on the Na'ibali website to find the answer. Go to: http://nalibali.org/reading_story_topics/language/

Ake sikunike icebo: Vakashela isigaba sethu esithi "Reading & storytelling tips" kusizindalwazi sakwa-Na'ibali ukuze uthole impendulo. Yana ku-: http://nalibali.org/reading_story_topics/language/



Jet Club



nalibali
It starts with a story...
The Children's Literacy Charter is a guide for adults to ensure our children get the best literacy experiences possible.
Visit www.nalibali.org to read all 11 literacy rights!

Story corner

Here is the second part of the story of Ntatu who tried to be more like Day and Night. Enjoy reading it, or reading it and then retelling it.

Ntatu and the Bommelak Tree (Part 2) By Leo Daly

That evening, Ntatu hid behind a bush and waited. When Night woke, Ntatu followed her. He watched her wash her hair in the pool beneath the Bommelak Tree.

Ntatu waited all night long until morning came. He watched Day wash his face in the pool beneath the Bommelak Tree. "Now I know their secret!" thought Ntatu. "If I wash my face in the pool beneath the Bommelak Tree, then it will be as handsome as Day's face. And if I wash my feathers in the pool beneath the Bommelak Tree, then they will be as beautiful as Night's hair."

But just as Ntatu was about to dive into the pool, there was a terrible sound that stopped him in his tracks.

The Bommelak Tree shook its branches. "Ntatu," it said, "no one besides Day and Night may wash themselves in this pool. If you do, I will curse you. Now go and be happy with who you are!"

Ntatu shivered in fright, but he said, "And who are you to tell me what to do, Tree? I will be as handsome as Day and I will be as beautiful as Night. There is nothing you can do to stop me."

And with this, Ntatu flapped his wings and dived into the pool beneath the Bommelak Tree.

But he did not land in the cool water of the pool. He crashed into a pit of dust. Ntatu was so happy he didn't even realise this. He flapped his wings in the dust and he scrubbed his face in it – and he felt very beautiful and very handsome.

"There, Ntatu," said the Bommelak Tree, "from now on, you will never wash yourself in water. You are cursed forever to wash in dust. Now go and be happy with who you are!"

Soon Ntatu's colourful feathers faded. His face became grey and dirty. His wings shrank and his legs grew short.

And whenever the animals saw Day and Night walk by, Ntatu looked at the ground and said nothing.

But the little mole whispered, "Look at how handsome Day is. Look at how beautiful Night is. And look at how grey Ntatu the pigeon is!"

Tell us if you liked the story, Ntatu and the Bommelak Tree – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.



Illustration by Alzette Prins
Umdwebo wenziwe u-Alzette Prins

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba kaNtathu owazama ukufana noMini noBusuku. Thokozela ukuyifunda, noma ukuyifunda bese uphinda uyixoxa.

UNtathu neSihlahla seBhomelaki (Ingxenye yesi-2) Nguleo Daly

Kusihlwa ngalelo langa uNtathu wacasha ngemva kwehlokozi walinda. Lapho uBusuku evuka ebuthongweni, uNtathu wamlandela. Wambuka ngesikhathi egeza izinwele zakhe esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki.

UNtathu walinda ubusuku bonke kwaze kwaba sekuseni. Wabuka uMini egeza ubuso bakhe esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki. "Manje sengiyayazi imfihlo yabo!" kucabanga uNtathu. "Uma ngigeza ubuso bami esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki, ngizoba muhle njengobuso bukaMini. Kanti uma ngigeza izimpaphe zami esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki, zizoba zinhle njengezinwele zikaBusuku."

Kodwa lapho uNtathu esathi uziphonsa esizibeni, kwaba khona umsindo omkhulu owamvimbela ukuthi enze lokhu.

iSihlahla seBhomelaki sanyakazisa amagatsha aso. "Ntathu," kusho sona, "akekho omunye ovunyelwe ukugeza kulesi siziba ngaphandle kukaMini noBusuku. Uma wena wenza kanjalo, ngizokuqalekisa. Manje-ke suka la bese uthokozela lokho oyikho!"

UNtathu waveva uvalo, kodwa wathi, "Konje uwubani-ke wena ukuthi ungangitshela ukuthi ngenzeni, Sihlahla? Ngizoba muhle njengoMini noBusuku. Ayikho into ongayenza ukungivimba."

Kanti ngemva kokusho lokho, uNtathu wabhula amaphiko akhe waziphonsa esizibeni esingaphansi kweSihlahla seBhomelaki.

Kodwa akazange awele emanzini esiziba aphilile. Wawela emgodini onezintuli. UNtathu wayejabule kakhulu kangangokuthi akazange akubone nalokhu. Wabhula amaphiko akhe othulini wahlilikhla ubuso bakhe kulo – wase ezizwa esemuhle kakhulu.

"Nakho-ke, Ntathu," kusho iSihlahla seBhomelaki, "kusukela manje, angeke uphinde ugeze ubuso bakho emanzini futhi. Uqalekiswa unomphela, uzohlale ugeza othulini. Manje-ke suka la bese uyothokozela lokho oyikho!"

Zasheshe zafiphala izimpaphe zikaNtathu ezinemibala. Ubuso bakhe baba mpunga futhi bangcola. Ashwabana amaphiko akhe kanti nemilenze yakhe yaba mifishane.

Futhi njalo nje izilwane zibuka uMini noBusuku bedlula, uNtathu wayebheka phansi angasho lutho.

Kodwa imvukuzane encane yahlebeza yathi, "Ake nibheke ukuthi muhle kanjani uMini. Ake nibheke ukuthi muhle kanjani uBusuku. Bese nibheke ukuthi umpunga kanjani uNtathu, ijuba!"

Sitshele ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, UNtathu neSihlahla seBhomelaki – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

How have books and stories shaped your life and your children's lives? Have they helped you to explain a difficult situation to your child? Or has discovering a favourite story encouraged your children to read and helped improve their reading at school? Tell us on Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), or Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) using the hashtag #StoryPower, or email us at info@nalibali.org and we could feature how stories have made an impact on your life!



Ngabe izincwadi nezindaba ziyibumbela kanjani impilo yakho neyizingane zakho? Ngabe zikusizile ukuthi uchaze isimo esilukhuni enganeni yakho? Noma ngabe ukuthola incwadi izingane zakho eziyithandayo kukhuthaze izingane zakho ukuthi zifunde, futhi kwazisiza ukuthi zithuthuke ekufundeni kwazo esikoleni? Sitshele ku-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), noma ku-Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) usebenzisa u-hashtag #StoryPower, noma usithumelele i-imeyili ku-info@nalibali.org futhi kungenzeka sishicilele ukuthi izindaba zibe namthelela muni empilweni yakho!

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld